***"Imicabango, engameli thina, kodwa eyacatshwanga abamhlophe ngabamnyama. Kuyizinkomba ezazigqame kwabamhlophe zedluliselwa kwabamnyama, kwakheka isithombe esinamandla esagqama kwabamnyama kwaba isithombe esinamandla futhi sabanezinhloso ezithile. Yize noma kunjalo kwakungabalulekanga kithi"[1] – ngokusho kuka Grada Kilomba.***

Bangani kanye nesibambisene nabo kulomkhakha,

Ngenkathi eqokelwa ukuhlaziya ngamafuphi umsebenzi weSaison Africa 2020, u-saay/yaas wavukwa ugqozi ngamasu asetshenziswa ukugqamisa ubuzwekazi baseAfrika namaphethelo kanye nezindlela okwakugqanyiswe ngazo, ubunzulu, kanye nobuchule okuqukethwe[2], ngenkathi ethula imicabango eyayinika izinga eliphezulu, kanalemicabango ebikade ikhona, engaguquki, kanye neqhakambisa ubuzwekazi baseAfrika, "...bakwazi ukucacisela laba abangabanga nenhlanhla yokuthola ulwazi ukuze bazi"[3]. u-Saay/yaas babamba imiboniso yokumiswa kwezakhiwo (architecture) "ezaziwayo", kwadaleka umgudu omile wokukhangisa obalulekile nonemikhawulo ebekelwe isilinganiso, ngenkathi ephendula, kwasungulwa indlela yokuxhumana eyaziwa nge-her(e), otherwise.

Njengesandiso, uma kungenjalo, "siguqulwe noma sifaneleke ukuba isiphawulo", "igqamise ubudlelwane phakathi kwendawo, isikhathi, isimo, indlela, izizathu, izinga, njalo njalo." Ukusetshenziswa kwalegama emqulwini othi her(e), otherwise, yafundeka njengobulili besifazane, bendawo, uma kunjalo, iyinkomba yobudlelwane obuhlangahlangene, benkathi kanye nendawo, yakhelwa ukuze ibekanjalo futhi yakhe lomkhakha njengowesifazane wase-Afrika/nasezwenikazi lonke, elinomkhakha obuswa abesilisa, abamhlophe, abadla izambane likapondo futhi nababuswa impucuko yezizwe emkhakheni wokumiswa kwezakhiwo.

her(e), otherwise yinkundla ephilayo, equkethe imibono eguquka njalo, okuyisizinda esimumethe ulwazi olubalulekile olundluliswe ngobukhulu ubuchule lobu ukuhlela izindlela zemibuzo eminingi nangezindlela zokuqonda kanye nokwenza ukumiswa kwezakhiwo ukuze kube nokuxhumana ngaso sonke isikhathi kwakheke ubudlelwane, ukucobelana ngolwazi, izimo kanye nobuhlakani obumayelana nezwekazi lase-Afrika. Le webhu izobhekisisa isidingo esibalulekile sokuqoqa nokwamukela, ukucobelana ngolwazi kanye nokukhuliswa komphakhathi kwabantu besifazane abamnyama abazibandakanya nalomkhakha ngazo zonke izindlela, kulendawo yokusebenza futhi ekubuyiseni ukuzithemba ebantwini kulomkhakha.

Simema amaciko asungule izindlela zawo "zokukhangisa" ngokuziqambela eyabo imisebenzi , imicabango, egqamisa ubufakazi, ekhangayo Kanye nengakhangi, ethokozisa umqondo (ebonwayo, ezwakalayo noma ebhalwayo), ephothulwe, eqediwe nengaqediwe noma amaphrojekthi ayiphupho (imifanekiso mqondo), imibuzo, imicu/izitatimendi noma eqophisanayo yangabekelwa migomo namibandela elindeleke ukulandelwa. Lemikhiqizo ingathunyelwa ngokuzidalula okanye ithunyelwe ngokuzifihla ungazidaluli. Ungazethula njengendawo yokusebenza, ababambisene noma uzimele wedwa. Ukuze kube yimpumelelo, sikunxusa ukuba udlulise isimemo nakwabanye ezwenikazi lase-Afrika namaphethelo, ukuze nabo bakwazi ukwakha izikhangiso zabo bazithumele, ngaleyondlela siyophumelela ekukhuliseni lo mkhakha, amaciko akwazi ukucabanga kanye nabasebenzi bokumiswa kwezakhiwo abaxhumene ngazo zonke izindlela ekumisweni kwezakhiwo kanye nezindlela zokwenza izindawo futhi abantu bazibone bafanelekile ukuba kulomkhakha.

Saay/yaas -abujapraiaparisjohannesburg

1. Grada Kilomba, Plantation Memories. Episodes of Everyday Racism, (Müxnster, UNRAST-Verlag 2010), p. 4.

2. African Mobilities, ehlungwe uMpho Matsipa; Reconstructions: Architecture and Blackness in America ehlungwe uSean Anderson and Mabel Wilson, the Black Trans Archive iphrojekthi kaDanielle Brathwaite-Shirley, phakathi kwezinye.

3. ngenkathi uGabi Ngcobo abambe ingqungquthela kuhlaluke ukusetshenziswa kolwazi njengeqhinga lokukhetha ukwenza izinto, wachaza umsebenzi wakhe "kasilidingi elinye iqhawe" eveza ukwenqaba "ebonisa intshisekelo kuqhawekazi elizimele eliphethe ngokuhambisana nokusingatha okuphitheneyo. Eselapho, ukunqaba lokhu kusebenzisa njengeqhinga eliphonsa inselele kulabo abaqokile noma bathweswe ijoka lo onikwe indlanzana ukuba liphathe yize balindeleke ukuchazela labo abasezingeni lokungazi". https://contemporaryand.com/fr/exhibition/seminar-curating-strategies-of-productive-refusal-gabi-ngcobo/
accessed February 7, 2019

# ISIMEMO